

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

isiZulu/English

| Edition 2 June 2016

Investment inspires confidence

THE R6.1 BILLION investment by Toyota, one of the country's largest car manufacturers, will grow the local economy and create jobs.



President Jacob Zuma at the Toyota plant during the launch of the new Hilux and Fortuner models in Durban, KwaZulu-Natal.

Thandeka Ngobese

Car manufacturer Toyota has invested over R6 billion into South Africa by opening a plant to produce the new Hilux and Fortuner models in Durban, KwaZulu-Natal.

The production of the new models supports more than

4 000 jobs while total employment in the plant exceeds 8 000 jobs.

Speaking at the launch of the locally-produced Toyota models, President Jacob Zuma said the investment demonstrates confidence in South Africa's economy.

"This is a significant contribution towards dealing

with the serious challenge of unemployment in our country. This investment clearly demonstrates the confidence that global automotive producers continue to have in South Africa as an investment destination and the supportive policy environment which we offer."

The President said

government has taken a conscious decision to support the country's automotive sector.

"The support provided by government through the Department of Trade and Industry (dti) has attracted investments of over R25

Cont. page 2



Electricity to benefit thousands

Page 4



Skills centre for the youth

Page 5



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Ugesi uhlomulisa izinkulungwane zabantu

Thandeka Ngobese

Njengengxenywe Yolulelo Oluphelele Lwentuthuko lukahulumeni, uMnyango waKwaZulu-Natali (e-KZN) Wokwengamela Ngokubambisana Nezendabuko uzofaka ugesi kumakhaya ayi-1 200 ezindaweni zasemakhaya.

Balinganiselwa kuzi-10 000 abantu abazohlomula kulo mzamo obiza izigidi wokuhlinzeka omasipala basezindaweni zasemakhaya ngezidingongqangi.

Omunye wemiphakathi ezohlomula yileyo yaseNdwedwe. Uhulumeni wase-KZN uqale iphrojekthi ebiza amarandi

ayizigidi ezi-19 yokufaka ugesi endaweni.

Lolu Hlelo Oluphelele Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya lubhekene nezindaba ezifana nokungathuthuki, ukudla okwanele, ukuswelakala kwemisebenzi, ububha nezinye izinkinga zomphakathi, okwaziwa ngazo izindawo zasemakhaya. **U**

Ugesi ushintsha izimpilo

UZibuyisile Ngcobo (oneminyaka yobudala engama-65) waseSonkombo edolobheni laseNdwedwe, KwaZulu-Natal, wayecabanga ukuthi akasoze awuthole ugesi.

“Bengikhathazeka ukuthi kungenzeka ngize ngifengingazange ngiwuthole ugesi ekhaya lami, kodwa uhulumeni wangisiza mina nomndeni wami futhi manjesiyakwazi ukuzwaimpilo yesimanje.

“Seziwumlando izinsuku lapho sasihamba siye ehlathini siyotheza izinkuni zokubasa futhi manje izingane zethu sezingakufunda ngokuphepha zisebenzisa ugesi,” washo.

Omunye ohlomulile uNontshisekelo Bhengu (oneminyaka yobudala

engama-45) uthi wayegcina ngokubukela umabonakude (i-TV) kuphela uma evakashele izihlobo zakhe ezindaweni ezisemadolobheni.

“Manje sesiyakwazi ukubukela i-TV emakhaya ethu. Besichitha ama-R42 kuzithuthi ukuze siyogcwalisa omakhalekhikhini bethu

“Sekuwumlando ukuya ehlathini ukuyotheza izinkuni”

e-Verulam. Ukuba nogesi kuyasikhulula kakhulu. Siyambonga uhulumeni ngokusifakela ugesi,” washo.

Ekhuluma namalungu omphakathi uNgqongqoshe Wesifundazwe (u-MEC) uNomusa Dube-Ncube wanxusa izakhamuzi ukuthi zibike ukwebiwa kukagesi okusolalayo nokuphazamisa amandla kahulumeni okuhlinzeka ugesi kweminye imiphakathi.

“Njengomphakathi niyazi ninomthwalo wokuqinisekisa ukuthi nisebenzisa ugesi ngobuhlakani nokuthi akekho oxhuma ugesi ngokungemthetho noma ozama ukuwuthola ngaphandle kokusebenzisa amamitha ngoba imali eniyikhokhayo iya ekuqinisekiseni ukuthi u-Eskom uyaqhubeka nokukhiqiza ugesi,” kusho u-MEC uDube.



UNontshisekelo Bhengu ugqwalisa ugesi wakhe wekhadi ngokubambisana noNgqongqoshe wase-KZN Wokwengamela Ngokubambisana Nezendabuko uNomusa Dube-Ncube.

ILungu Lesishayamthetho Sesifundazwe, uSihle Zikalala, odabuka eNdwedwe, ubonge abaholi bendawo

ngokuqinisekisa ukuthi le ndawo inogesi waphinda wakhumbuza umphakathi ngobungozi bokuxhuma ugesi ngokungemthetho. **U**

Tshwane gets tough on drugs

Nonkululeko Mathebula

The City of Tshwane is spending millions of rands fighting drug abuse after a continued influx of Mandrax, Nyaope and other drugs.

“We are aware that Tshwane has been labelled the drug capital of South Africa and this led to us allocating R50 million to tackle the problem in the 2015/16 financial year,” said Tshwane Executive Mayor Kgosisentso Ramokgopa.

With the financial year drawing to a close, the R15 million of that sum not yet spent will be added onto other, yet-to-be-allocated funds to supplement



the city's existing initiatives to combat substance abuse. A percentage will go to rehabili-

tation centres and social welfare organisations.

Ramokgopa said that despite

the underspending, he is happy with what the city was able to achieve, adding that more funds will be injected into fighting drugs in the next financial year.

He said the money will assist in empowering ward-based drug action committees, which address drug problems and offer counselling and support for addicts.

So far, the city has established 48 local drug action committees in areas such as Soshanguve, Mabopane, Winterveldt, Ga-Rankuwa, Hammanskraal, Atteridgeville, Olievenhoutbosch, Cullinan and Mamelodi.

While the city has pledged to establish the equivalent of a narcotics unit within the Tshwane Metro Police, efforts to clamp

down on the manufacturing and distribution of drugs are ongoing.

“We have committed ourselves to conducting sporadic raids in drug distribution hotspots.”

The Executive Mayor also announced plans for an awareness campaign aimed at the youth called ‘Tswa Daar’, which means ‘stop it’.

According to Ramokgopa, the ultimate goal is not only to win the fight against drugs but to also have drug users completely rehabilitated.

“Although we are not catching the big fish, we are making arrests and are slowly making progress in this regard,” said Ramokgopa. **U**

Isizinda samakhono sentsha

ISIZINDA ESISANDA ukuvulwa esiqukethe konke kulindeleke ukuthi sifukule intsha yase-Central Karoo, ngaphambi kokuba sisatshalaliswe ezweni lonke.



Amukelani Chauke

UMongameli Jacob Zuma usanda kuvula Isizinda Esisetshenziselwa Izinhloso Ezihlukahlukene sokuqala ngqa eNtshonalanga Kapa e-Central Karoo.

Intsha yendawo ibambe iqhaza ekwakheni Isizinda Sentsha e-Beaufort West, esaphothulwa ngoMbaso 2015. Amakhono afundwe yintsha ngeke alahleke njengoba kuzobunjwa umfelandawonye wokulungisa sona lesi sizinda sentsha.

Ekhuluma emcimbini wokudlulisela emphakathini lesi sizinda, uMongameli uthe unikela lesi sizinda kwintsha eningi eyadela izimpilo zayo ukuqinisekisa ukuthi isizukulwane sanamuhla nezizukulwane ezizayo zithokozela inkululeko kanye nohulumeni wentando yeningi labantu.

Ukunikelwa kuthinte inhliziyokakhulu kwazise kugujwa iminyaka engama-40 yemibhikisho yentsha yangonyaka we-1976.



UMongameli Jacob Zuma usanda kuvula Isizinda Esisetshenziselwa Izinhloso Ezihlukahlukene eNtshonalanga Kapa e-Central Karoo.

Ukwakhiwa kwalesi sizinda kwaqala ngonyaka wezi-2012, ngomcimbi wokuphendulwa kwesoyi owabanjwa ngoSuku LukaMandela lwalowo nyaka. UNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba uGugile Nkwinti uthe le ntuthuko izose-

tshenziswa njengeprojekthi yokuhlola futhi emva kwalokho izobe isisatshalaliselwa kwezinye izifundazwe.

"...njengohulumeni, izinselelo ezibhekene nentsha, ezifana nokuntuleka kwemisebenzi, kuyinto esikhathazayo kakhulu.

"Nakuba izimo zentsha ziya ngokuba ngcono kuleli lizwe, umbiko Wocwaningo Ngesimo Sentsha ukhombisa ukuthi

tshenziswa njengeprojekthi yokuhlola futhi emva kwalokho izobe isisatshalaliselwa kwezinye izifundazwe.

"...njengohulumeni, izinselelo ezibhekene nentsha, ezifana nokuntuleka kwemisebenzi, kuyinto esikhathazayo kakhulu.

"Nakuba izimo zentsha ziya ngokuba ngcono kuleli lizwe, umbiko Wocwaningo Ngesimo Sentsha ukhombisa ukuthi

intsha, kakhulukazi emnyama isabhekene nezinselele eziningi eziphathelene nokuthola imisebenzi, uma iqhathaniswa nozakwabo abamhlophe," kusho uMongameli Zuma.

Izikhungo kulesi sizinda zibandakanya indawo yamakhono enakho konke elawulwa yiKolishi LaseNingizimu Kapa ukuhlinzeka uqeqesho lokuphathwa kwamabhizinesi, uqeqesho lwekhompuyutha kanye nokuthuthukiswa kwezinye zisencane kubabambiqhaza aba-200 kuQeqesho Lukazwelonke Lwentsha Yasemakhaya unyaka ngamunye.

Kukhona nenkundla yemidlalo yeshashalazi kanye nehholo lomphakathi elilungisiwe elizosetshenziswa ngumphakathi wonkana.

UMongameli Zuma uthe isikhungo se-ICT salesi sizinda sizosiza amalungu omphakathi ukuthi akhona ukusebenzisa i-inthanethi esebenza ngesivinini yamahhala kanye

nezobuchwepheshe ezizobasiza ukuthi bakwazi ukuxhumana nabanye abasebenzisa lobu buchwepheshe emhlabeni wonkana.

Lesi sizinda sibuye safakwa izindawo zikanokusho zezemidlalo nokungcebeleka ezizonikeza abantu ithuba lokudlala imidlalo ehlukahlukene kanye nokusiza iNingizimu Afrika ukuguqula izinhlobonhlobo zemidlalo.

Ichibi lokubhukuda elinguhhafa uma liqhathaniswa nezemidlalo yama-Olimpikhi lizosetshenziswa yizinhlangano zokubhukuda futhi lizosingatha nemidlalo yokuncintisana, indawo yokujima efakwe impahla yokujima efana naleyo yezindawo zokujima zangasese, ngezilokotho ezinhle zakwa-Virgin Active Group.

"Le ndawo yokujima ibonisa lokho okungenziwa uma uhulumeni kanye nomkhakha wangasese bebambisana ukuze kuthuthukiswe imiphakathi ehlwempu," kwasho uMongameli Zuma. ■

Operation Phakisa training benefits KZN artisans

Thandeka Ngobese

Transnet has announced that it will spend R7.7 billion on training as it drives to meet capacity requirements in line with its Market Demand Strategy (MDS). As part of this initiative, the Transnet National Ports Authority (TNPA) has selected 18 candidates from the South Durban Basin for Operation Phakisa technical training.

The training forms part of Transnet's MDS to train artisans for shipbuilding and repair industry and is in line with the Operation Phakisa, which aims to unlock the potential of the oceans economy.

TNPA's Port of Durban has adopted 15 schools in the South Durban Basin and has various programmes in place aimed at developing mission critical skills within its communities from the ground up.

The Operation Phakisa technical training programme consists of two, three-year courses – Millwright and Coded Weld-

ing – run by the Transnet School of Engineering and a course on spray painting that will take place later during the year.

Being a part of TNPA's Operation Phakisa technical training course for Vuyani Chiya (23) is more than an opportunity to further his education, it is the means through which he hopes to change both his life and that of his mother.

Chiya who has been living in the South Durban Basin while he studies towards his N4 and N5 certificate at Umlazi Computech, is now working towards qualifying as a millwright.

"To be selected for this course, is a dream come true. I will study hard to fulfil my dream. We thank Transnet for those of us who come from disadvantage backgrounds," he said.

Capacity-building Manager for the KZN region at the Transnet School of Engineering Thandukwazi Magcaba said the skills training programme was a great opportunity, not only for the students but also



Students participating in the three-year Millwright course being run by the Transnet School of Engineering as part of Transnet National Ports Authority's Operation Phakisa technical training.

for the country.

"Programmes such as these are incredibly important. I would say any country without properly trained artisans is lagging behind because, in some sectors, we do not have our own artisans and these individuals are imported. However, with programmes such as this in place, we can cut down on the amount of imports, har-

ness job creation and move our unique projects forward."

Each course is made up of three phases. In the first, the apprentices are taught basic tooling; in the second, they familiarise themselves with the equipment they will be working with/on; and in the final phase, the students work practically and are tested accordingly.

The success of the training programmes offered by the school, said Magcaba, is indicated by the increase in entrant numbers each year.

"When I first started here five years ago, we had 290 students. Now we have 539 – nearly double that number. It is very rewarding to know that we are helping to bring about positive change." ■

Intsha yaseNingizimu Afrika idinga 'ukufukulwa'



UKhathu Ramukumba, uMphathi Omkhulu (i-CEO) weNhlango Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) uxoxisana nentsha ngesikhathi sokuvakasha kwe-NYDA emphakathini.

Khathu Ramukumba

Ngomhla zi-16 kuNhlango lana sizobesigubha iminyaka engama-40 yemibhikisho yentsha yonyaka we-1976 kanye nokuzinikela okwenziwa ngabantu baleso sizukulwane ukwakha izwe elibuswa ngentando yeningi.

Kube nezinto eziningi ezizuziwe kusukela ngonyaka we-1994 kodwa intsha yaseNingizimu Afrika isalokhu ibhekene nezindaba eziningi ezifana nobubha, ukungalingani, kanye nokuntuleka kwemisebenzi.

Kusekuningi okumele ukuba kwenziwe ukuze kugqugquzelwe isithunzi kanye nentuthuko phakathi kwentsha.

INhlangano Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha

INhlangano Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) yasungulwa njengenhlango eyodwa ebhekene nezindaba zokuthuthukiswa kwentsha ezingeni likazwelonke, lezifundazwe neluhlumeni bendawo.

I-NYDA idlala indima yokuhola ekuqinisekiseni ukuthi ababambe iqhaza ababalulekile njengohulumeni, umkhakha wangasese kanye nomphakathi, babeka phambili ukuthuthukiswa kwentsha futhi

ifaka isandla ekuhlonzeni kanye nasekuqaliseni uku-sebenza kwezixazululo zesikhathi eside zezinselele zokuthuthukiswa kwentsha.

NgoMbaso wezi-2013, amabhizinisi, uhulumeni, umkhakha wabasebenzi, izinhlangano zomphakathi kanye nezinhlangano ezingekeho ngaphansi kukahulumeni basayina Isivumelwano Semisebenzi Yentsha ukwenza ngcono ukuhlonyiswa kanye nokufakwa kwentsha emisebenzini.

Izinjongo zeSivumelwano Semisebenzi Yentsha sihambisana nemizamo ehlukahlukene kahulumeni yokuseke-

“Enye inhloso ukwenza umnotho ubhekane nezidingo zabantu abasha zamathuba emisebenzi kanye nokwakha amathuba emisebenzi yentsha ayizigidi ezinhlano ngonyaka we-2020.”

la izinguquko kwezomnotho. Enye inhloso ukwenza umnotho ubhekane nezidingo zentsha zamathuba emisebenzi kanye nokwakha amathuba emisebenzi yentsha ayizigidi ezinhlano ngonyaka

we-2020.

Ukwesekwa kwe-NYDA nguhulumeni kuyinto eqhubekayo. Iqembu Elibhekelele Izindaba Zentsha Ehhovisini Likamongameli, eliholwa yiSekela Ngqongqoshe Ehhovisi Likamongameli uButi Manamela ligxile ezindabeni zentsha ukwenza ngcono ukulawulwa kwabanentshisekelo kanye nezinhloso zentsha.

Enye impumelelo ebalulekile ukuchitshiyelwa kwe-Nqubomgomo Kazwelonke Yentsha (yowezi-2009-2014) kanye nokwamukelwa kwe-Nqubomgomo Kazwelonke Yentsha (yowezi-2015-2020). Le nqubomgomo igxile ekubambeni iqhaza emnothweni, izinguquko, ezemfundo, ukuthuthukiswa kwamakhono, ezokunakekelwa kwempilo kanye nokulwa nokusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa, ukhakiwa kwesizwe kanye nobumbano.

Izimpumelelo

I-NYDA ishintssha ukugxila kwayo ukusebenzela intsha kangcono. Muva nje, i-NYDA ithole umphumela wokucwaningwa kwamabhuku ongenagcobho okokuqala futhi yamenyezelwa njengethobela umthetho ngokuphelele.

Ukuze ibe yinhlangano ethembekile futhi yentuthuko, i-NYDA ishintshe umsebenzingqangi wayo usuka

Ngonyaka wezi-2014/15 i-NYDA ifeze lokhu okulandelayo:

- Ayi-1 034 amabhizinisi entsha athola Uxhaso Lwe-NYDA nokudale imisebenzi eyizi-4 343.



- Kwasekelwa amabhizinisi ayizi-62 916 ngokusebenzisa Imisebenzi Yosekelo Lwentuthuko Yamabhizinisi ye-NYDA.



- Bayizi-5 319 abantu abasha ababhalisela Uhlelo Lwe-NYDA Lwethuba Lesibili Lokubhala Ibanga Le-12.



- Ingama-300 intsha eyasekelwa ngokusebenzisa Isikhwama Somfundaze i-Solomon Mahlangu.



- Bayizi-937 949 abantu abasha abasekelwa ngabanye noma ngamaqembu ngokukhetha imisebenzi engafundelwa.



- Bayizi-2 342 abantu ababambe iqhaza Ohlelweni Oluhlelekile Lwentsha.



- Bayizi-12 490 abantu abasha ababhalisa Ezinhlelweni Zikazwelonke Zokuvolontiya Zemisebenzi Yentsha (i-NYS).



- Bayizi-57 412 abantu abasha abasekelwa ngezinhlelo zokulungiselela imisebenzi kanye namakhono okuziphilisa.



ekuxhasweni kwamabhizinisi ngezimali kuya emfundweni kanye nasekuthuthukisweni kwamakhono. Ushintsho olukhulu kwakuwukuguqula ukuhlinzekwa kwemali ebokeliso kuyiwa ekunikwezeni kwezibonelelo kosomabhizinisi abancane.

Izinombolo zixoxa indaba yokulethwa kwezidingo okwenziwe ngcono. Nokho kunjalo, izidingo zentsha zidlula amandla e-NYDA. Kubalulekile ukubambisana nayo yonke imikhakha yomphakathi.

Kubalulekile ukusebenzisa ukubaluleka okuthulwa

yintsha futhi sikusebenzise ekukhuliseni kanye nasekuthuthukiseni izwe lethu. Sesiqalile ukubhala indaba ehlukile: yethemba, ukuzimisela, umkhiqizo kanye nempumelelo. Abahamba phambili kulolu daba olusha yintsha ezimisele futhi efukuliwe.

Intsha yakuleli lizwe ithe ayidingi 'ukucindezelwa' kodwa idinga 'ukufukulwa'. Yisizeni ifezekise amaphupho ayo. **V**

***UKhathu Ramukumba nguMphathi Omkhulu (i-CEO) we-NYDA.**